

14 August 1903

NEWSPAPER: *Ipepa lo Hlanga*  
DATE: 14 August 1903  
TRANSCRIBER'S NOTE(S): This article is incomplete. The second column of 49 lines, on the same page 2, is folded and shows only the beginning of lines. No author. The article [ITUNYELWE] – meaning “supplied”.  
CONTENTS: The article blames Bishop Gray of Cape Town for the schism between the Church of England and the Church of the Province of South Africa. It commends the splitting of the Wesleyan Methodist Church from the Church of England for having been peaceful and much better handled than the way Bishop Gray handled his conflict with the Church of England.

CONTENT WARNING: Nil

## ISILILO NGOKWAHLUKANA KWE CHURCH

[ITUNYELWE]

Ukwahlukana kwabantu abakade behlangene bekanye kunobuhlungu obukulu, kuzwisa ubuhlungu obufana nokungati kufiwe. Ezinhliziyweni zabantu abaningi be Church of the Province of South Africa nabase Church of England in Natal kukona ukungatokozi ngalo'mkuba owesabekayo, owenziwa ngamabomu, ngomunye owabe'lusa umhlambi ka Nkulunkulu etenjwa, ehlonitshwa emsebenzini awupatele inkosi yake, ngitsho u Bishop Gray. Konke loku'kuhlupeka okukona namhla kutshalwa nguye enhliziyweni zabantu kungaloko-ke nguye ongatiwa ubahlupile abantu, kungati izwe lonkenje. UmBishopo lowo wabe ehlakanipile impela, ekwazi ukuvumisa abantu ngezwi elitandwa nguye, kwati-ke ngokutukutela kwake emva kwokulahlwa icala, wezwa ubuhlungu, wase uyahlubuka embusweni wakubo, watukutelela amakosi ake; kanti izwi elisiyalayo liti, “Hlonipa inkosi yomhlaba ekubusayo.”

Ukwahlukana kwe Church kubi, kubange ububi obukulu kwabaningi. Ngiyazi ukuti baningi nabase Church of England abalilayo, bebona ukungazi kwabantu bakubo, bebadabukela ngobumpumpute babo; kungaloko sebefana nabafileyo kubo abangaseko. Inhliziyo zabanye base Church of South Africa, kambe zite ukuqonda, zakohlwa ukuti konje nalaba base Church of England basengabantu nabo, nokuti yibo abangabaninifa lezimpahla zase Church nokuti bona (abase south africa) sebezikipa nya kulezo'mpahla.

U Wesile kumbe, ukupuma kwake e Church of England kaxabananga namuntu yena, wapuma nje ngobuhle, njengoba niyazi ukuti ukupuma kwake sekuyiminyaka eminingi kakulu, kapumanga ngazwi lokuxabana ne Church lakubo, kodwa wapuma ngokubona kwake indhlela etile owabeyibona ukuti ifanele ukungenisa abantu masinyane e Bandhleni leNkosi. Loku kuze kube namhlanje akukabiko kunxapelana pakathi kwe Church of England ne Wesleyan Methodist Church ukupela amabandhla amabili asebenza umsebenzi weNkosi, akuko okunye.

Kodwa ngingatsho kakulu mina okwokuti loku kuhlubuka kuka Bishop Gray kwabangwa 'kulahlwa kwake licala lelo abe'libanga no Sobantu, ngoba pela naku ngibona nanamhlanje eNkiland e izinhloko ze Church zikona ngokukonza kunye nalaba base Church of South Africa. Ngibona ukuti no Dean Gregory was St Pauls Cathedral, kwomkulu e London, yena (u Dean) kanye naba Bishopo abaningi, bakonza ngakukonza kunye kuhle kwama Roma sebekulekela nabafileyo bakubo.

Kepa kwakungayikuba ndaba enkulu ehlupa kangaka ukuba u Bishop Gray kakubonakalisanga okwake ukuhlubuka ngengxabano leyo eyavela pakati kwake no Sobantu, mdhlana esele-

TRANSCRIBER:

Sizakele Gumede for FHYA, 2022.

Student, MA in Historical Studies, UCT.